



basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



**Izimfuneko
ze-ATP
Ngokubuyiswa
Kwesikhathi
Sokufunda
Esilahlekile
Ulimi Lwasekhaya:
isiZulu**



Ibanga 1 Ithemu 4



Contents

Isingeniso	1
Izimfuneko ze-ATP Ngokubuyiswa Kwesikhathi Sokufunda Esilahlekile	2
Amakhono Olimi Lwasekhaya	2
Okuqukethwe Olimini Lwasekhaya	2
Imisindo Nokufunda Ngamaqembu Alawulwayo	2
Ukwenza Isimiso Sokufunda Ngolimi	5
Isimiso Samasonto Onke se-FP HL Esisikelwayo	6
Imisebenzi ye-FP HL Esisikelwayo (ehambisana nezimfuneko ze-ATP)	7
Imisindo Nokufunda Ngamaqembu Alawulwayo	15
Uhlelo Lwemisindo: HL Isizulu	16
Uhlaka Lwesihleli Nesithungathi	20
Isihloko 1	21
Isihloko 2	23
Isihloko 3	25
Isihloko 4	27
Isihloko 5: Ukubuyekeza	29
Uhlelo Lokuhlola	31
Uhla Lokuhlola: FP Ulimi Lwasekhaya	31
Ukuhlola Ukufunda	32
Ukusebenzisa Amarubrikhi	32
Ukuhlanganisa	33
Sethemba ukuthi uzosithola lesi siqondiso sokuhlola siwusizo kakhulu	33
Ukuhlola Ukufunda: Ikhadi Lamaphuzu	34
Ibanga 1 Ithemu 4: Isibonelo Somsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe	35



Isingeniso

Sanibonani Othisha Besigaba Esiyisisekelo,

Ubhubhane lweCOVID-19 lusishiye nenselele enkulu kakhulu kwezemfundo. Njengoba sibuyela 'ekufundeni okuvamile', sonke kudingeka sisebenze ngokuhlakanipha nangokuzikhandla ukuze siqiniseke ukuthi uhlelo lwethu lubuyela esimweni salo esejwayelekile.

Lokhu kubaluleke kakhulu esigabeni esiyisisekelo, lapho izingane zifunda khona amakhono ayisisekelo okufunda nokubhala. INingizimu Afrika idinga ukuthi wenze konke okusemandleni akho ukuba uhlomise abafundi bakho ngalawa makhono, ukuze bangakwazi-nje kuphela ukufunda, kodwa ekugcineni bakwazi 'ukufunda babe nolwazi'.

Le ncwajana yenzelwe ukuba ikusize ukwazi ukukwenza lokhu. Ngokulandela lolu hlelo ngendlela ehlelekile, siyaqiniseka ukuthi uzokwazi ukuvala isikhala sesikhathi sokufunda nokufundisa esilahlekile, futhi wenze abafundi bakho babe sezingeni okudingeka babe kulo.

Sinibonga kusengaphambili ngokuzibophezela, ngokuzinikela nangokusebenza ngokuzikhandla.

Niyasakha ngempela isizwe sakithi.

Sinifisela izilokotho ezinhle kakhulu kuyithemu esingena kuyo,

Iqembu Lezithungathi le-DBE / NECT Ngokubuyiswa Kwesikhathi Sokufunda Esilahlekile se-ATP



Izimfuneko ze-ATP Ngokubuyiswa Kwesikhathi Sokufunda Esilahlekile

- Kunamasonto ayi-10 kuyi-DBE Yethemu 4 e-ATP Okubuyiswa Kwesikhathi Sokufunda Esilahlekile.
- La masonto ayi-10 ehlukaniwe aba yimijikelezo yokufunda eyi-5.
- Emjikelezweni ngamunye wamasonto amabili, zonke izingxenye zokufunda ulimi kufanele zihlanganiswe ngendlela elandelayo, ngokusebenzisa isikhathi esincane ngokwamukelekayo:

ISIKHATHI ESINCANE NGOKWAMUKELEKAYO SE-CAPS UKWABIWA KWESIKHATHI	IBANGA 1	IBANGA 2	IBANGA 3
Ukulalela Nokukhuluma	45 imizuzu	45 imizuzu	45 imizuzu
Ukufunda Nemisindo	4 ihora 30 imizuzu	4 ihora 30 imizuzu	4 ihora 30 imizuzu
Ukubhala kahle ngesandla	1 ihora	45 imizuzu	45 imizuzu
Ukubhala	45 imizuzu	1 ihora	1 ihora
ISAMBA	7 AMAHORA	7 AMAHORA	7 AMAHORA

Amakhono Olimi Lwasekhaya

- I-ATP Yokubuyiswa Kwesikhathi Sokufunda Esilahlekile se-HL yenziwe ukuze ibonise othisha ukuthi yimaphi amakhono okufanele bawakhe kuyingxenye ngayinye yolimi.
- Kubalulekile ukuqaphela ukuthi njalo emva kwamasono amabili, amakhono okufanele akhiwe cishe onke aba ngawengxenye efanayo, ngakho kuba nokuphindaphinda kaningi ukuze kwakhiwe futhi kuthuthukiswe amakhono.

Okuqukethwe Olimini Lwasekhaya

- Njalo ngemva komjikelezo wamasonto amabili, othisha kufanele bakhethe isihloko.
- Lesi sihloko sichaza indikimba yalowo mjikelezo.
- Ngokwesibonelo, uma uthisha ekhetha isihloko esithi **'Sonke siya esikoleni'**, khona-ke yonke indikimba kufanele ihlobane nalesi sihloko, okubandakanya:
 - Ulwazimagama** olufundiswayo, isib.: **funda, xhumana, qhathanisa, ukufunda, IsiShayina, ibanga lokuqala**, njll.
 - Imilolozelo noma amaculo** afundiswayo, isib.: **Ngithanda ukufunda nokubhala**
 - Indaba efundwa ngokuhlanganyela** efundwayo, isib.: Indaba enesihloko esithi: **Ibanga Lokuqala eNingizimu Afirka naseShayina**
 - Umsebenzi wokubhala** lowo abafundi okufanele bawenze, isib.: **Bhala imisho emi-2 emayelana nalokho okwenziwa abafundi eShayina.**

Imisindo Nokufunda Ngamaqembu Alawulwayo

- Ukuphela kwento engahlobani nesihloko imisindo kanye nohlelo lokufunda ngamaqembu alawulwayo.
- Ukuze bakwazi ukufunda, abafundi kufanele bafundiswe ngendlela ehlelekile imisindo yolimi, kanye nendlela yokuhlanganisa nokwehlukana leyo misindo.
- Ngemva kwalokho, kufanele bazilolonge ngokufunda amagama kanye nezindaba ngokusebenzisa ulwazi lwabo lwemisindo ekubizeni amagama.

Ake sibheke ukuthi yimaphi amakhono nokuqukethwe ohlwini lwe-ATP yeBanga 1 Ithemu 4:

UKUBUYEKEZA I-ATP YOKUBUYISWA KWESIKHATHI SOKUFUNDA ESILAHLEKILE: IBANGA 1 ITHEMU 4
UKULALELA NOKUKHULUMA
<ol style="list-style-type: none">1 Uhaya izinkondlo nemilozelo bese enza iminyakazo2 Ukhuluma ngezehlakalo zempilo yakhe, njengokuxoxa izindaba ngokulandelana kahle kwezehlakalo3 Ulalela imiyalelo exubile bese enza njengoba kushiwo4 Ulalela ngaphandle kokuphazamisa, abonise inhlonipho kokhulumayo5 Uzibandakanya ezingxoxweni, abuze futhi aphenyule imibuzo6 Uzibandakanya ezingxoxweni, enze umbiko ngokumelela iqembu7 Ulalela indaba bese eveza imizwa mayelana nendaba8 Ulalela imininingwane yezindaba bese ephendula imibuzo evalekile kanye nevulekile9 Ucacisa kahle ulwazi, ngokwesibonelo, ngokusebenzisa izithombe10 Usebenzisa amagama anjengemisho, uhlamvu olukhulu nongqi11 Ulalela ngokujabulela, anikeze impendulo yezithombe namaphazili amagama, iziphicwaphicwano namahlaya, ngokusebenzisa ulimi lokucabanga12 Uxoxa indaba ejwayelekile enesethulo, umzimba nesiphetho, ngobukhulu nangokungafani kwezwi okwahlukahlukene
IMISINDO
Ukuphawula okuya kuthisha: <ul style="list-style-type: none">• <i>Qiniseka ukuthi uyakha uphinde uhlakaze amagama:</i><ul style="list-style-type: none">• Ngokuzwa (ukuqonda imisindo)• Ngokuzwa nangokubona (imisindo)
<ol style="list-style-type: none">1 Ubona ubudlelwano phakathi kohlamvu kanye nomsindo wabo bonke onhlamvunye2 Wakha amagama ngokusebenzisa yonke imisindo efundiwe3 Ufunda amagama athathwe ezifundweni zemisindo asemshweni kanye nakweminye imibhalo4 Wakha amagama anhlamvuntathu asebenzisa izinhlamvu ezizimele5 Ubona futhi afunde:<ol style="list-style-type: none">a Ubona ongwaqa abahamba ngababili ekuqaleni kwegama, sibonelo: qh, dl, hlb Ubona ongwaqa abahamba ngababili ekugcineni kwegama, isibonelo: qh, dl, hlc Ubona ongwaqa abanhlamvumbili, isibonelo: hh, kl, dl, hl, xh, thi, ch, qh
UKUBHALA KAHLE NGESANDLA
<ol style="list-style-type: none">1 Ubamba ipensela namakhrayoni kahle2 Ukopisha futhi abhale amagama ngokushiya izikhala ezifanele3 Ubhala kahle nangokugeleza izinhlamvu ezinkulu kanye nezincane ngobukhulu nangokuma okufanele, ekuqaleni nasekugcineni endaweni efanele4 Ukopisha futhi abhale kahle imisho emifushane

UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO

Ukuphawula okuya kuthisha:

- *Beka abafundi ngokwamaqembu okufunda ekhono elifanayo.*
- *Khetha imibhalo/izincwadi zezinga elifanele iqembu ngalinye.*
- *Lalela ilungu leqembu ngalinye lifunda ngokuzimela futhi ulisize njengoba lifunda.*

- 1** Ufunda ngokuphimisa umbhalo wakhe eqenjini elifunda ngokulawulwa uthisha, okuwukuthi, iqembu lonke lifunda indaba efanayo
- 2** Uyazigada uma efunda, kokubili ngokubona amagama nangokuwaqonda
- 3** Ubonisa ukuqonda izimpawu zenkulumo lapho efunda ngokuphimisa
- 4** Usebenzisa imisindo, amagama abonwa njalo kanye nokuhlaziya isakhiwo ngamakhono okuthola umqondo ngesikhathi efunda
- 5** Usebenzisa ukuhlaziya isakhiwo samakhono ukuthola umqondo
- 6** Uqhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho okubonwayo
- 7** Ufunda ngokugeleza nangokuveza imizwa

UKUFUNDA NGOKUZIMELA

- 1** Ufunda izincwadi ezisekhoneni lokufunda ekilasini
- 2** Ufunda umbhalo wakhe, uqala ngokulungisa amaphutha

UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA

- 1** Ufunda incwadi nekilasi lonke kanye nothisha / Ulalela bese elandela njengoba uthisha efunda incwadi
- 2** Ubona ukulandelana kwezehlakalo ezisendabeni
- 3** Usebenzisa ikhava kanye nezithombe zencwadi ukuqagela
- 4** Usebenzisa izinkomba-sisombululo kanye nezithombe ezisencwadini ukuze aqonde
- 5** Ubona inkinga esekuqaleni kwendaba
- 6** Uphendula imibuzo esezingeni eliphezulu ngendaba efundiwe
- 7** Uhumusha ulwazi olukumaphosta
- 8** Ubona imbangela kanye nomphumela osendabani

UKUBHALA

Ukuphawula okuya kuthisha:

- Sebenzisa imisebenzi yokubhala ngokuhlanganyela ukuze ukhombise inqubo (ukuhlela, umbhalo osalungiswa kanye nokushicilela).
- Yenza uhlaka lokubhala ukuze usize abafundi ukuba babhale izindaba zabo.

1 Unikeza imibono futhi asize ngokubuyekeza indaba yeqembu / yekilasi

2 Uxoxa ngemibono ezobhalwa kanye nozakwabo

3 Upela amagama ajwayelekile ngendlela efanele

4 Usebenzisa amagama abonwa njalo kanye nemisindo efundiwe

5 Wakha inqolobane yakhe yamagama kanye nesichazamazwi sakhe

6 Uqedela imisebenzi yokubhala, ehlanganisa ukuhlela, umbhalo osalungiswa kanye nokushicilela:

a Ubhala okungenani imisho emi-3 ngezindaba zakhe siqu noma indaba eqanjiwe

b Ubhala futhi abonise ngomusho omfushane ngesihloko ukuze afake isandla encwadini yasekhoneni lokufunda

c Uhlela ulwazi ngegrafu elula njengeshadi noma umugqa wesikhathi

7 Ubona futhi asebenzise ngendlela efanele ulimi, okubandakanya:

a Izimpawu zokubhala: ongqi, osonhlamvukazi

b Izabizwana

c Wenza amagama obuningi

d Uqala ukusebenzisa kahle inkathi yamanje kanye nenkathi eyengcile

e Usebenzisa imibekwa-phambili ngendlela efanele

Ukwenza Isimiso Sokufunda Ngolimi

- Enye indlela engcono kakhulu yokuqiniseka ukuthi usisebenzisa ngokufanele isikhathi onikezwe sona futhi uhlanganise onke amakhono aku-ATP, ukuba wenze isimiso sokufunda ngolimi.
- Ngezansi kunesimiso samasonto onke esisikiselwe, ongasisebenzisa ngomjikelezo wamasonto amabili.
 - Lesi simiso sisebenzisa ISIKHATHI ESINCANE NGOKWAMUKELEKAYO Ngolimi Lwasekhaya (7 amahora)
 - Lesi simiso senziwe salungela ukusebenza kuwo onke amabanga

Isimiso Samasonto Onke se-FP HL Esisikiselwayo

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	ISIKHATHI: ISAMBA	ISIKHATHI: L&S	ISIKHATHI: R&P	ISIKHATHI: HW	ISIKHATHI: ISIKHATHI: W
uMsombuluko	UKULALELA NOKUKHULUMA	Imisebenzi yokukhuluma	15 imizuzu	15 imizuzu			
	UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	Ukhlola okungahleliwe	30 imizuzu			30 imizuzu	
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngokuhlanganyela	15 imizuzu		15 imizuzu		
	UKUBHALA	Inqubo nokubhala ngokuhlanganyela	30 imizuzu				30 imizuzu
uLwesibili	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu alawulwayo	30 imizuzu		30 imizuzu		
	UKUFUNDA NEMISINDO	Fundisa umsindo kanye namagama amasha	15 imizuzu		15 imizuzu		
	UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	Fundisa umsindo kanye namagama amasha	15 imizuzu			15 imizuzu	
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngokuhlanganyela	15 imizuzu		15 imizuzu		
uLwesithathu	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu alawulwayo	30 imizuzu		30 imizuzu		
	UKULALELA NOKUKHULUMA	Imisebenzi yokukhuluma	15 imizuzu	15 imizuzu			
	UKUFUNDA NEMISINDO	Fundisa umsindo kanye namagama amasha	15 imizuzu		15 imizuzu		
	UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	Fundisa umsindo kanye namagama amasha	15 imizuzu			15 imizuzu	
uLwesine	UKUBHALA	Inqubo nokubhala ngokuhlanganyela	15 imizuzu				15 imizuzu
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu alawulwayo	30 imizuzu		30 imizuzu		
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukuzilolonga ngemisindo	15 imizuzu		15 imizuzu		
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngokuhlanganyela	15 imizuzu		15 imizuzu		
uLwesihlanu	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu alawulwayo	30 imizuzu		30 imizuzu		
	UKULALELA NOKUKHULUMA	Imisebenzi yokukhuluma	15 imizuzu	15 imizuzu			
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukuzilolonga ngemisindo	15 imizuzu		15 imizuzu		
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngokuhlanganyela	15 imizuzu		15 imizuzu		
			7 amahora	45 imizuzu	4 amahora 30 imizuzu	1 ihora	45 imizuzu

Uyabona yini ukuthi ukwabiwa kwesikhathi sengxenye ngayinye kwenziwe ngendlela efanele?

Imisebenzi ye-FP HL Esikiselwayo (ehambisana nezimfuneko ze-ATP)

- Ngenxa yokuthi kufanele kuthuthukiswe amakhono afanayo amaningi kakhulu, kungaba ngumqondo omuhle ukwenza imisebenzi efanayo njalo ngesonto.
 - Lokhu kuqinisekisa ukuthi uwahlanganisa onke amakhono adingwa yi-ATP
 - Kuphinde kwenze ukufundisa nokufunda kube yimpumelelo ngokwengeziwe, ngoba uma wena kanye nabafundi senijwayele imisebenzi, siba sincane isikhathi esichithelwa ukuchaza
- Ukuhlela okungezansi kusikisela imisebenzi evamile ongayenza njalo ngesonto ukuze uhlangabezane nezimfuneko ze-ATP.
- Okunye futhi okuhlanganisiwe amakhono akhethekile noma okuqukethwe okufanele kuhlanganiswe (ngokuhambisana ne-ATP).
- Lapho amakhono akhethekile noma okuqukethwe kufanele kuhlanganiswe (ngokuhambisana ne-ATP) nalokhu futhi kuhlanganisiwe.
- Qaphela: Othisha kufanele basebenzise imisebenzi eseNcwadini ye-DBE noma nini uma kungenzeka.

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uMsombuluko	UKULALELA NOKUKHULUMA	Imisebenzi yokukhuluma	<ul style="list-style-type: none"> • Yethula isihloko • Fundisa amagama ama-3 olwazimagama ngesihloko • Fundisa iculo noma umlolozelo • Abafundi bafaka amagama kuzichazamazwi zabo
	UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	Ukuhlola okungahleliwe	<ul style="list-style-type: none"> • Yenza ukuhlola abafundi ngokungahleliwe ukuze ubone ukuthi bayakhumbula yini imisindo kanye namagama afundwe ngokwedlule • Cela abafundi ukuba babhale amagama ayi-10 athathwe ezifundweni zemisindo nakumagama abonwa njalo • Phinda uhlole ukubhala kahle ngesandla – ukwenza uhlamvu, osonhlamvukazi, ukushiya isikhala
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngokuhlanganyela NGAPHAMBI KOKUFUNDA	<ul style="list-style-type: none"> • Ngaphambi kokufunda • Khombisa abafundi izithombe ezisendabeni • Cela basho ukuthi yini eyenzekayo • Cela ukuba benze ukuqagela

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uMsombuluko	UKUBHALA	Ukubhala ngokuhlanganyela kanye nenqubo: UKUHLELA	<ul style="list-style-type: none"> Tshela abafundi isihloko okuzobhalwa ngaso Tshela abafundi ngomsebenzi wokubhala owukhethile, isib.: <ul style="list-style-type: none"> a Bhala umusho usebenzise amagama abonwa njalo kanye nemisindo efundisiwe b Bhala futhi ubonise ngomusho omfushane ngesihloko ukuze ufake isandla encwadini yasekhoneni lokufunda c Bhala okungenani imisho emi-3, ngezindaba zakho siqu noma indaba eqanjiwe d Hlela ulwazi lube yigrafu elula okungaba yishadi noma umugqa wesikhathi Khombisa abafundi indlela yokuhlela ukubhala kwabo ngokudweba isithombe bese ufaka amalebula Cela imibono yokuhlela (ukubhala ngokuhlanganyela) Tshela abafundi ukuba benze okwabo ukuhlela (bangakopi) Okulandelayo, bhala ebhodini uhlaka lombhalo osalungiswa lomusho wokuqala, bese ubonisa abafundi indlela owubhala ngayo (ukubhala ngokuhlanganyela). Yeka uhlaka lomusho ebhodini, bese utshela abafundi ukuba babhale owabo umusho.
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo 2 AMAQEMBU X 15 IMIZUZU IQEMBU NGALINYE	<ul style="list-style-type: none"> Hlalisa kahle ikilasi lonke libe nomsebenzi wemisindo noma wokufunda (ukufunda ngababili noma ngokuzimela) Fundela abafundi indaba efundwayo noma encwadini ye-DBE Biza iqembu elincane ukuba lizosebenza kanye nawe (iqembu elinekhono elifanayo) Buyekeza kanye neqembu umsindo namagama abonwa njalo Nikeza iqembu umbhalo osezingeni lalo Lalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uLwesibili	UKUFUNDA NEMISINDO	Fundisa umsindo kanye namagama amasha	<ul style="list-style-type: none"> Sebenza ngokuhleleka usebenzise uhlelo lwemisindo yolimi lwakho Fundisa abafundi ukufunda umsindo omusha Bafundise ukufunda amagama asebenzisa umsindo omusha kanye nemisindo efundwe ngokwedlule (amagama afundekayo) Babonise indlela yokuhlakaza nokwakha amagama (qala ngamagama anezinhlamvu ezi-3) Yenza imisebenzi efanele eseNcwadini ye-DBE

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uLwesibiti	UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	Fundisa umsindo kanye namagama amasha	<ul style="list-style-type: none"> • Kungumbono omuhle ukuhlanganisa ukubhala kahle ngesandla kanye nemisindo • Fundisa abafundi indlela yokubhala uhlamvu noma umsindo abawufundile – uhlamvu olukhulu noluncane • Fundisa abafundi indlela yokubhala amagama kanye nemisho esebenzisa umsindo • Fundisa abafundi ukukupisha umusho omfushane osebenzisa umsindo ofundisiwe kanye namagama • Lungisa abafundi ngokubamba ipensela, ngokuma, ngokwakha uhlamvu, ngobukhulu nangokushiya isikhala • Yenza imisebenzi efanele eseNcwadini ye-DBE
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngokuhlanganyela UKUFUNDA KOKUQALA	<ul style="list-style-type: none"> • Ukufunda kokuqala • Fundela abafundi indaba ngokugeleza nangokuveza imizwa • Yima uchaze lapho kudingeka • Khomba futhi uchaze izici zolimi, okuhlanganisa: <ul style="list-style-type: none"> a Izabizwana b Inkathi yamanje kanye neyengcile c Imibekwa-phambili d Amagama obuningi e Osonhlamvukazi kanye nongqi • Ngemva kokufunda, buza imibuzo elandelayo: <ul style="list-style-type: none"> a Ukukhumbula (ubani, kuphi, yini, njll.) b Yisho abalingiswa abayinhloko c Yisho ingqikithi yendaba d Ukulandelana (yini eyenza kuqala, okulandelayo, ekugcineni) e Imbangela nomphumela (okwenzekile kubangelwe...) f Imibuzo evulekile (kungani / yini obungayenza / ungakwenza yini ukuxhumanisa / ungaphetha ngokuthini / ungakwenza yini ukucabangela)
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo 2 AMAQEMBU X 15 IMIZUZU IQEMBU NGALINYE	<ul style="list-style-type: none"> • Hlalisa kahle ikilasi lonke libe nomsebenzi wemisindo noma wokufunda (ukufunda ngababili noma ngokuzimela) • Fundela abafundi indaba efundwayo noma encwadini ye-DBE • Biza iqembu elincane ukuba lizosebenza kanye nawe (iqembu elinekhono elifanayo) • Buyekeza kanye neqembu umsindo namagama abonwa njalo • Nikeza iqembu umbhalo osezingeni lalo • Lalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uLwesithathu	UKULALELA NOKUKHULUMA	Imisebenzi yokukhuluma	<ul style="list-style-type: none"> Fundisa amagama ama-3 olwazimagama ngesihloko Fundisa iculo noma umlolozelo Yenza omunye umsebenzi wokukhuluma, isib.: <ul style="list-style-type: none"> a Izindaba – Cela 2 x abafundi baxoxe izindaba b Xoxa indaba eqanjiwe – Cela bonke abafundi ukuba bazenzele esabo isihloko sendaba bese beyixoxela uzakwabo c Imidlalo – Dlala umdlalo wolimi d Amahlaya – Cela 2 x abafundi basho ihlaya noma isiphicwaphicwano e Khomba ukufana nokwehlukana kwezinto Abafundi bafaka amagama kuzichazamazwi zabo
	UKUFUNDA NEMISINDO	Fundisa umsindo kanye namagama amasha	<ul style="list-style-type: none"> Sebenza ngokuhleleka usebenzise uhlelo lwemisindo yolimi lwakho Fundisa abafundi ukufunda umsindo omusha Bafundise ukufunda amagama asebenzisa umsindo omusha kanye nemisindo efundwe ngokwedlule (amagama afundekayo) Babonise indlela yokuhlakaza nokwakha amagama (qala ngamagama anezinhlamvu ezi-3) Yenza imisebenzi efanele eseNcwadini ye-DBE
	UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	Fundisa umsindo kanye namagama amasha	<ul style="list-style-type: none"> Kungumbono omuhle ukuhlanganisa ukubhala kahle ngesandla kanye nemisindo Fundisa abafundi indlela yokubhala uhlamvu noma umsindo abawufundile – uhlamvu olukhulu noluncane Fundisa abafundi indlela yokubhala amagama kanye nemisho esebenzisa umsindo Fundisa abafundi ukukopisha umusho omfushane osebenzisa umsindo ofundisiwe kanye namagama Fundisa abafundi ukuba babhale kahle izinombolo Lungisa abafundi ngokubamba ipensela, ngokuma, ngokwakha uhlamvu, ngobukhulu nangokushiya isikhala Yenza imisebenzi efanele eseNcwadini ye-DBE
	UKUBHALA	Ukubhala ngokuhlanganyela kanye nenqubo: UMBHALO OSALUNGISWA	<ul style="list-style-type: none"> Khumbuza abafundi ngomsebenzi wokubhala Bhala ukuhlela kwakho ebhodini kanye nomusho wokuqala Bhala uhlaka lokuhlela ebhodini Bonisa abafundi indlela yokubhala UMBHALO OSALUNGISWA (ukubhala ngokuhlanganyela) Tshela abafundi ukuba basebenzise okwabo ukuhlela kanye nohlaka ukuze babhale owabo umusho umbhalo osalungiswa

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uLwesithathu	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo 2 AMAQEMBU X 15 IMIZUZU IQEMBU NGALINYE	<ul style="list-style-type: none"> Hlalisa kahle ikilasi lonke libe nomsebenzi wemisindo noma wokufunda (ukufunda ngababili noma ngokuzimela) Fundela abafundi indaba efundwayo noma encwadini ye-DBE Biza iqembu elincane ukuba lizosebenza kanye nawe (iqembu elinekhono elifanayo) Buyekeza kanye neqembu umsindo namagama abonwa njalo Nikeza iqembu umbhalo osezingeni lalo Lalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uLwesine	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukuzilolonga ngemisindo	<ul style="list-style-type: none"> Buyekeza imisindo emibili efundwe ngoLwesibili nangoLwesithathu Yenza umsebenzi wemisindo nekilasi, isib.: <ul style="list-style-type: none"> a Hlanganisa ndawonye imisindo ukuze wenze amagama b Hlukanisa amagama ngemisindo c Hlukanisa amagama ngamalunga d Beka ndawonye amagama anemisindo efanayo e Beka ndawonye amagama emindeni efanayo f Yenza imisebenzi efanele eseNcwadini ye-DBE
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngokuhlanganyela UKUFUNDA KWESIBILI	<ul style="list-style-type: none"> Ukufunda kwesibili Fundela abafundi indaba ngokugeleza nangokuveza imizwa Ngemva kokufunda, buza imibuzo ehlanganisa: <ul style="list-style-type: none"> a Ukukhumbula (ubani, kuphi, yini, njll.) b Ukulandelana (yini eyenza kuqala, okulandelayo, ekugcineni) c Imbangela nomphumela (okwenzekile kubangelwe...) d Imibuzo evulekile (kungani / yini obungayenza / ungakwenza yini ukuxhumanisa / ungaphetha ngokuthini / ungakwenza yini ukucabangela) Cela abafundi ukuba bazenzele eyabo imibuzo emayelana nendaba, bese beyibuza ozakwabo

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uLwesine	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo 2 AMAQEMBU X 15 IMIZUZU IQEMBU NGALINYE	<ul style="list-style-type: none"> • Hlalisa kahle ikilasi lonke libe nomsebenzi wemisindo noma wokufunda (ukufunda ngababili noma ngokuzimela) • Fundela abafundi indaba efundwayo noma encwadini ye-DBE • Biza iqembu elincane ukuba lizosebenza kanye nawe (iqembu elinekhono elifanayo) • Buyekeza kanye neqembu umsindo namagama abonwa njalo • Nikeza iqembu umbhalo osezingeni lalo • Lalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uLwesihlanu	UKULALELA NOKUKHULUMA	Imisebenzi yokukhuluma	<ul style="list-style-type: none"> • Fundisa amagama ama-3 olwazimagama ngesihloko • Fundisa iculo noma umlolozelo • Yenza omunye umsebenzi wokukhuluma, isib.: <ul style="list-style-type: none"> a Beka abafundi ngamaqembu ukuze baxoxe ngendaba, sebenzisa uhlaka (ngithandile... / angizange ngithande... / ngicabanga ukuthi le ndaba yabhalelwa ...) b Ukuxoxa ngendaba eqanjiwe – Cela abafundi basebenze ngamaqembu ukuze baphume nesihloko sendaba yabo bonke • Abafundi bafaka amagama kuzichazamazwi zabo
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukuzilolonga ngemisindo	<ul style="list-style-type: none"> • Buyekeza imisindo emibili efundwe ngoLwesibili nangoLwesithathu, kuhlenganise neminye imisindo efundiwe kule themu • Yenza umsebenzi wemisindo nekilasi, isib.: <ul style="list-style-type: none"> a Hlanganisa ndawonye imisindo ukuze wenze amagama b Hlukanisa amagama ngemisindo c Yakha amagama ngokusebenzisa imisindo d Hlukanisa amagama ngemisindo e Zibhalele imisho ngokusebenzisa imisindo yamagama f Yenza imisebenzi efanele eseNcwadini ye-DBE

USUKU	INGXENYE	UMSEBENZI	IMISEBENZI ESIKISELWAYO
uLwesihlanu	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngokuhlanganyela NGEMVA KOKUFUNDA	<ul style="list-style-type: none"> • Ngemva kokufunda • Yenza umsebenzi wokuxoxa ngendaba ngokwezinga elijulile, isib.: <ul style="list-style-type: none"> a Lingisa – beka abafundi ngokwamaqembu ukuze benze ukulingisa indaba b Xoxani ngendaba nozakwenu – ngamunye akaxoxe ngengxenywe yendaba ngokulandelana kahle kwayo c Ukubuyekeza – umfundi ngamunye akaxoxele uzakwabo ukuthi indaba imayelana nani ngemisho emi-2-3 d Dweba isithombe esimayelana nendaba bese wenza umbhalo waso
	UKUFUNDA NEMISINDO	Ukufunda ngamaqembu okulawulwayo 2 AMAQEMBU X 15 IMIZUZU IQEMBU NGALINYE	<ul style="list-style-type: none"> • Hlalisa kahle ikilasi lonke libe nomsebenzi wemisindo noma wokufunda (ukufunda ngababili noma ngokuzimela) • Fundela abafundi indaba efundwayo noma encwadini ye-DBE • Biza iqembu elincane ukuba lizosebenza kanye nawe (iqembu elinekhono elifanayo) • Buyekeza kanye neqembu umsindo namagama abonwa njalo • Nikeza iqembu umbhalo osezingeni lalo • Lalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa

Ingabe uye waphawula ukuthi engxenyeni ngayinye, kuye futhi kwasetshenziswa ukuphindaphinda? Ake ubheke ukuthi ukuqaphele yini konke ukuphindaphinda okuhlanganisiwe:

IMISEBENZI YOKUKHULUMA

UMsombuluko: Yethula isihloko, fundisa ulwazimagama, fundisa iculo noma umlolozelo

ULwesithathu: Fundisa ulwazimagama, cula iculo noma umlolozelo, yenza omunye umsebenzi

ULwesihlanu: Fundisa ulwazimagama, cula iculo noma umlolozelo, yenza omunye umsebenzi

IMISINDO NOKUBHALA KAHLE NGESANDLA

UMsombuluko: Yenza ukuhlola okungahleliwe ekuhloleni ulwazi lomsindo kanye nokubhala kahle ngesandla

ULwesibili: Fundisa umsindo namagama amasha; fundisa indlela yokubhala izinhlamvu kanye namagama

ULwesithathu: Fundisa umsindo namagama amasha; fundisa indlela yokubhala izinhlamvu kanye namagama

ULwesine: Yenza umsebenzi wokuzilolonga ekusebenziseni imisindo efundisiwe

ULwesihlanu: Yenza umsebenzi wokuzilolonga ekusebenziseni imisindo efundisiwe

UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA

UMsombuluko: Ngaphambi Kokufunda

ULwesibili: Ukufunda Kokuqala

ULwesine: Ukufunda Kwesibili

ULwesihlanu: Ngemva Kokufunda

UKUBHALA

uMsombuluko: Ukuhlela kanye Nombhalo Osalungiswa

uLwesithathu: Umbhalo Osalungiswa

Ingabe lokhu kwenza umqondo? Yiluphi ushintsho ongalwenza?



Imisindo Nokufunda Ngamaqembu Alawulwayo

Njengothisha wesigaba esiyisisekelo, isibopho sakho esibalulekile ukuqiniseka ukuthi bonke abafundi bayakwazi ukufunda!

Nazi ezinye zeziqondiso eziyisisekelo okufanele uzilandele lapho ufundisa ngemisindo:

- 1 Qiniseka ukuthi unohlelo oluphelele lwemisindo, olubandakanya yonke imisindo yolimi lwakho.**
 - Uhlelo lwemisindo lwaka-NECT lwe-HL isiZulu luhlanganiswe ngezansi – zizwe ukhululekile ukulusebenzisa, noma okukanye usebenzise noma yiluphi uhlelo lwemisindo olushiwo yisifundazwe, isifunda noma isikole.
- 2 Landela uhlelo lwakho lwemisindo ngendlela ehlelekile. Kumsindo ngamunye:**
 - Qiniseka ukuthi abafundi bayawuzwa umsindo, futhi bayawubona umsindo emagameni.
 - Fundisa abafundi ngobudlelwano bohlamvu nomsindo – indlela umsindo ubukeka ngayo.
 - Zama ukuhlanganisa umsindo ndawonye kanye neminye imisindo oyaziyo ukuze wenze amagama.
 - Funda imibhalo enamagama asebenzisa umsindo.
 - Buyekeza njalo yonke imisindo efundiwe.

Ezinye zeziqondiso eziyisisekelo okufanele uzilandele lapho ufundisa ukufunda:

- 1** Hlela abafundi ngokwamaqembu okufunda ekhono elifanayo.
- 2** Biza iqembu ngalinye ukuba lizokufundela okungenani kanye ngesonto.
- 3** Ngabafundi abanobunzima, zama ukubalalela izikhathi ezimbili noma ezintathu ngesonto.
- 4** Sebenzisa indaba efanele izinga – kwamanye amaqembu, kungadingeka ukuthi wenze umsebenzi wokubuyekeza imisindo futhi wenze ukwakha igama.
- 5** Lapho usebenza neqembu, lalela umfundi ngamunye efunda ngayedwa.
- 6** Fundisa abafundi ukuthi ngaso sonke isikhathi babize amagama abangawazi – uma umfundi efika egameni angakwazi ukulifunda, msize ukuba alibize. Ungaleqi noma ucele omunye umfundi ukuba azofunda igama.
- 7** Ngesikhathi sokufunda ngamaqembu alawulwayo, beka abafundi ngababili ukuze benze imisebenzi yokufunda ndawonye, ngesikhathi usematasa usebenza neqembu elincane.



Uhlelo Lwemisindo: HL IsiZulu

- Kubaluleke kakhulu ukufundisa abafundi yonke imisindo yolimi ngendlela ehlelekile.
- Imisindo efundiswayo ohlelweni lwemisindo lwesiZulu lwe-NECT HL ihlelwe ngezansi – zizwe ukhululekile ukusebenzisa lolu njengesiqondiso.
- Ngenxa yobhubhane, izingane eziningi ziye zalahlekelwa ukwaziswa okubaluleke kakhulu ngemisindo.
- Sicela uthole ukuthi yimiphi imisindo abafundi abayaziyo nabangayazi, bese ulandela uhlelo ngendlela ehlelekile, ukuze ubuyise isikhathi sokufunda esilahlekile.

Sicela uqaphele:

- **Imisindo onombala ompunga** yenzelwe i-ATP yeBanga 1 Ithemu 4
- Zama ukuqiniseka ukuthi abafundi bakho bayazi le misindo

IMISINDO YESIZULU				MAKA
UMSINDO	AMAGAMA AFUNDEKAYO			
a				
m	m-a = ma	m-a-m-a = mama		
b	b-a = ba	b-a-b-a = baba	a-b-a = aba	
u	u-b-u-b-i = ububi	u-b-a-b-a = ubaba		
l	l-u-m-a = luma	b-a-l-a = bala	l-a-l-a = lala	
e	l-e = le	l-e-l-e = lele	l-a-l-e-l-a = lalela	
n	u-n-a-n-a = unana	u-b-o-n-e = ubone	b-o-n-a = bona	
i	l-u-n-i = luni	n-a-m-i = nami	n-i-n-a = nina	
d	i-d-a-d-a = idada	d-u-d-a = duda	i-d-a-m-u = idamu	
o	i-d-o-l-o = idolo	d-o-b-a = doba	d-o-d-a = doda	
c	c-e-b-a = ceba	c-e-l-a = cela	i-c-i-c-i = icici	
f	f-o-l-a = fola	f-u-n-a = funa	i-f-a = ifa	
g	g-u-g-a = guga	g-u-l-a = gula	i-g-u-l-a = igula	
h	i-h-u-b-o = ihubo	h-o-l-a = hola	i-s-a-h-a = isaha	
j	i-j-u-b-a = ijuba	j-a-h-a = jaha	j-a-b-u-l-a = jabula	
s	i-s-i-s-u = isisu	s-u-l-a = sula	u-m-u-s-a = umusa	
k	i-k-a-t-i = ikati	i-s-i-k-e-l-o = isikelo	s-i-k-a = sika	
q	q-e-d-a = qeda	q-o-b-a = qoba	q-i-n-a = qina	
t	u-t-a-m-a-t-i-s-i = utamatisi	t-o-t-o-b-a = totoba	t-e-t-a = teta	
p	i-p-a-n-i = ipani	i-p-a-p-a = ipapa	i-p-e-n-i = ipeni	
v	v-u-l-a = vula	v-a-l-a = vala	i-v-i-l-a = ivila	
w	a-m-a-w-e-l-e = amawele	w-e-l-a = wela	w-o-l-a = wola	
y	i-y-o-y-o = iyoyo	y-a-l-a = yala	y-e-n-a = yena	
x	x-o-x-a = xoxa	i-x-o-x-o = ixoxo	x-o-x-e-l-a = xoxela	

IMISINDO YESIZULU				MAKA
UMSINDO	AMAGAMA AFUNDEKAYO			
z	i-z-u-l-u = izulu	i-z-o-l-o = izolo	z-u-z-a = zuza	
r	i-r-a-bh-a = irabha	i-r-u-la = irula	i-r-a-y-i-s-i = irayisi	
bh	bh-a-l-a = bhala	i-bh-o-l-a = ibhola	i-bh-a-s-i = ibhasi	
sh	u-sh-u-k-e-l-a = ushukela	i-s-o-sh-a = isosha	sh-a-d-a = shada	
kh	i-kh-a-l-a = ikhala	kh-a-l-a = khala	i-kh-e-kh-e = ikhekhe	
ph	ph-u-z-a = phuza	ph-e-ph-a = phepha	i-ph-u-ph-o = iphupho	
qh	i-qh-u-d-e = iqhude	i-qh-u-z-u = iqhuzu	qh-a-qh-a-z-e-l-a = qhaqhazela	
ch	ch-i-th-a = chitha	i-s-i-ch-o-th-o = isichotho	i-ch-a-sh-a-z-i = ichashazi	
th	th-u-l-a = thula	th-i-n-a = thina	u-th-i = uthi	
xh	i-xh-a-l-a = ixhala	i-xh-a-ph-o-z-i = ixhaphozi	i-xh-o-k-o-v-a-n-a = ixhokovana	
hh	i-hh-a-l-a = ihhala	i-hh-o-l-o = ihholo	i-hh-o-k-o = ihhoko	
dl	dl-a-l-a = dlala	u-k-u-dl-a = ukudla	u-dl-a-m-e = udlame	
hl	i-hl-o-b-o = ihlobo	i-s-i-hl-a-l-o = isihlalo	hl-a-f-u-n-a = hlafuna	
kl	i-kl-a-b-i-sh-i = iklabishi	kl-e-l-a = klela	kl-a-b-a-l-a-s-a = klabalasa	
nc	i-nc-e-nc-e = incence	nc-o-m-a = ncoma	nc-e-l-a = ncela	
nd	i-nd-i-z-a = indiza	i-nd-i-m-a = indima	i-nd-a-nd-a-th-o = indandatho	
ng	i-ng-a-n-e = ingane	i-ng-o-m-a = ingoma	i-ng-i-l-a-z-i = ingilazi	
nj	i-nj-a-b-u-l-o = injabulo	nj-a-l-o = njalo	nj-e-n-g-o-b-a = njengoba	
nk	i-nk-a-n-y-e-z-i = inkanyezi	i-nk-a-n-i = inkani	i-nk-i-n-o-bh-o = inkinobho	
nq	i-nq-o-l-a = inqola	i-nq-i-n-a = inqina	i-nq-a-b-a = inqaba	
nt	i-nt-u-th-u = intuthu	i-z-i-nt-i = izinti	e-nt-a-th-a-k-u-s-a = entathakusa	
ns	i-ns-i-m-u = insimu	i-ns-i-k-a = insika	i-ns-i-l-a = insila	
ny	ny-a-th-e-l-a = nyathela	i-ny-o-k-a = inyoka	ny-o-ny-o-b-a = nyonyoba	
nz	a-m-a-nz-i = amanzi	i-nz-i-l-a = inzila	i-nz-i-k-a = inzika	
nx	i-nx-e-b-a = inxeba	i-nx-i-w-a = inxiwa	u-Nx-a-m-a-l-a-l-a = uNxamalala	
cw	cw-a-y-i-z-a = cwayiza	cw-e-l-a = cwela	cw-e-cw-a = cwecwa	
dw	i-dw-a-l-a = idwala	i-s-i-dw-e-dw-e = isidwedwe	dw-e-b-a = dweba	
gw	i-gw-a-l-a = igwala	igw-a-b-a-b-a = igwababa	u-gw-a-d-u-l-e = ugwadule	
hw	hw-a-l-a-l-a = hwalala	hw-e-b-a = hweba		
jw	jw-a-y-e-l-a = jwayela			

IMISINDO YESIZULU				MAKA
UMSINDO	AMAGAMA AFUNDEKAYO			
kw	i-s-i-kw-e-l-e = isikwele	s-i-kw-a = sikwa	i-s-i-kw-e-l-e-t-u = isikweletu	
lw	i-s-i-lw-a-n-e = isilwane	u-lw-e-m-b-u = ulwembu	lw-e-lw-a = lwelwa	
nw	i-z-i-nw-e-l-e = izinwele	u-nw-a-b-u = unwabu	n-we-b-a = nweba	
qw	qw-a-l-a = qwala	i-s-i-qw-a-y-i = isiqwayi	u-m-qw-a-y-i-b-a = umqwayiba	
sw	sw-e-l-a = swela	sw-e-n-k-a = swenka	u-sw-a-z-i = uswazi	
tw	i-tw-e-tw-e = itwetwe	i-tw-a-n-i = itwani	i-s-i-tw-e-n-o = isitweno	
xw	xw-a-y-a = xwaya	xw-a-y-i-s-a = xwayisa	xw-e-b-a = xweba	
zw	u-zw-a-n-e = uzwane	i-zw-a = izwa	u-zw-e-l-o = uzwelo	
mb	i-mb-u-z-i = imbuzi	i-mb-i-l-a = imbila	u-h-a-mb-o = uhambo	
mf	i-mf-a-d-u-k-o = imfaduko	i-mf-e = imfe	u-mf-u-l-a = umfula	
mp	i-mp-i-l-o = impilo	i-mp-u-ph-u = impuphu	i-mp-e-mp-e = impempe	
mv	i-mv-u = imvu	i-mv-u-l-a = imvula	i-mv-a-n-a = imvana	
mm	u-mm-b-i-l-a = ummbila			
mn	mn-a-n-d-i = mnandi			
mc	u-mc-a-m-e-l-o = umcamelo	u-mc-e-b-o = umcebo	u-z-a-mc-o-lo = uzamcolo	
gc	gc-i-n-a = gcina	gc-o-b-a = gcoba	gc-a-b-a = gcaba	
gcw	gcw-a-l-a = gcwala	i-s-i-gcw-a-gcw-a = isigcwagcwa		
gx	i-s-i-gx-o-b-o = isigxobo	gx-o-b-a = gxoba	gx-i-l-a = gxila	
gxw	gxw-a-l-a = gxwala			
gq	gq-i-b-a = gqiba	i-s-i-gq-i-k-i = isigqiki	u-m-u-gq-a = umugqa	
gqw	gqw-a-l-a = gqwala	gqw-a-m-b-i = gqwambi		
ts	u-ts-o-ts-i = utsotsi	i-ts-a-k-o = itsako	i-s-i-ts-w-e-bh-u = isitswebhu	
ndl	i-ndl-u = indlu	i-ndl-u-l-a-m-i-th-i = indlulamithi	i-ndl-e-l-a = indlela	
ndlw	i-ndlw-a-n-a = indlwana	e-ndlw-a-n-e-n-i = endlwaneni	i-S-a-ndlw-a-n-a = iSandlwana	
nhl	i-nhl-a-nhl-a = inhlanhla	i-nhl-o-k-o = inhloko	i-nhl-a-w-u-l-o = inhlawulo	
nhlw	i-nhlw-a-b-u-s-i = inhlwabusi	i-nhlw-a-th-i = inhlwathi	i-nhlw-a-n-y-e-l-o = inhlwanyelo	
ncw	i-ncw-a-d-i = incwadi	i-ncw-a-ncw-a = incwancwa	i-ncw-a-s-i-m-e-n-d-e = incwasimende	
ndw	i-ndw-a-n-g-u = indwangu	i-ndw-e-b-a = indweba	i-z-i-ndw-a-n-i = izindwani	

IMISINDO YESIZULU				MAKA
UMSINDO	AMAGAMA AFUNDEKAYO			
ngw	i-ngw-e-n-y-a = ingwenya	e-Ngw-e-l-e-z-a-n-e = eNgwelezane	i-ngw-e = ingwe	
nkw	i-s-i-nkw-a = isinkwa	i-nkw-a-l-i = inkwali	i-nkw-a-t-sh-u = inkwatshu	
njwt	i-njwt-a-y-e-l-o = injwayelo			
nqw	i-nqw-a-b-a = inqwaba	u-k-u-nqw-a-b-e-l-a-n-a = ukunqwabelana		
ntw	u-m-ntw-a-n-a = umntwana	i-ntw-a-n-a = intwana	i-ntw-a-l-a = intwala	
nzw	i-z-i-nzw-a-n-e = izinzwane	i-nzw-a-b-e-th-i = inzwabethi		
ngc	ngc-o-l-a = ngcola	i-z-i-ngc-e-z-u = izingcezu	ngc-o-n-o = ngcono	
nsw	nsw-i-n-y-a = nswinya	i-nsw-e-l-a-b-o-y-a = inswelaboya		
hlw	u-m-u-hlw-a = umuhlwa	u-k-u-hlw-a = ukuhlwa	hlw-a-n-y-e-l-a = hlwanyela	
dlw	e-s-i-dlw-e-n-i = esidlweni	e-s-i-g-o-dlw-e-n-i = esigodlweni	u-m-dlw-e-m-b-e = umdlwembe	
ngx	i-ngx-a-k-i = ingxaki	i-ngx-a-b-a-n-o = ingxabano	i-ngx-o-x-o = ingxoxo	
ngq	u-ngq-i = ungqi	u-ngq-i-m-ph-o-th-o = ungqimphotho	i-ngq-a-l-a-b-u-th-o = ingqalabutho	
khw	i-khw-a-ph-a = ikhwapha	khw-a-b-a-n-i-s-a = khwabanisa	khw-e-l-a = khwela	
chw	a-m-a-chw-a-n-e = amachwane	chw-e-chw-a = chwechwa	u-chw-e-ph-e-sh-e = uchwepheshe	
qhw	i-qhw-a = iqhwa	qhw-e-b-a = qhweba	i-s-i-qhw-a-g-a = isiqhwaga	
klw	klw-e-bh-a = klwebha	i-klw-a = iklwa		
shw	i-s-i-shw-a-ph-a = isishwapha	shw-a-b-a-n-a = shwabana	shw-e-l-e-z-a = shweleza	
thw	thw-a-s-a = thwasa	thw-a-l-a = thwala	i-s-i-thw-a-l-a-m-b-i-z-a = isithwalambiza	
xhw	xhw-a-l-a = xhwala	i-s-i-xhw-e = isixhwe	i-s-i-xhw-a-l-a	
ngcw	ngcw-e-l-e = ngcwele	ngcw-a-b-a = ngcwaba	i-ngcw-e-t-i	
ngqw	i-ngqw-e-l-e = ingqwele	ngqw-a-y-i-m-a-n-a = ngqwayimana		
tsh	i-tsh-e = itshe	i-s-i-tsh-a-l-o = isitshalo	tsh-a-th-a = tshatha	
ntsh	ntsh-o-ntsh-a = ntshontsha	i-ntsh-e-l-a = intshela	i-ntsh-e-b-e = intshebe	
ntshw	ntshw-a-q-a = ntshwaqa			



Uhlaka Lwesihleli Nesithungathi

- Ungase ukhethe ukusebenzisa isimiso esichazwe engxenyeni engaphambilini, noma cha.
- Kungakhathaliseki ukuthi yisiphi isimiso okhetha ukusisebenzisa, kufanele uhlanganise ingxenye ngayinye yolimi ngesonto ngalinye.
- Khumbula futhi ukubheka isikhathi esabelwe ingxenye ngayinye ngesonto. Bheka ikhasi 4.
- Bheka ukubuyekeza Ukubuyiswa Kwesikhathi Sokufunda Esilahlekile se-ATP ekhasini 5 ukuze uthole isiqondiso.
- Sebenzisa isithungathi esingezansi ukuze wenze irekhodi elilula lomsebenzi owenza isonto ngalinye.

ATP

- Kunezihleli Nezithungathi ezingenalutho eziyi-4x, ongazisebenzisa ekuhleleni nasekuhlanganiseni uhlelo lwakho lwezifundo zethemu.
- Ungakhetha ukwenza ukubuyekeza ngeSonto 9 & 10.
- Uma uthanda, ungazenzela esakho isimiso kanye nemisebenzi, kuphela uqiniseke ukuthi kuvumelana ne-CAPS kanye ne-ATP.
- Ngemva kwalokho, yenza esakho Isihleli Nesithungathi ukuze ukwazi ukuhlanganisa lonke uhlelo lwezifundo lweThemu 4.

Khumbula, uhlelo olwenziwe lokufunda Ulimi Lwasekhaya lwe-NECT Ibanga 1-3 luyatholakala ngokuludawuniloda kuwebhusayithi: www.nect.org.za

Isihloko 1:

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUKHULUMA	ULWAZIMAGAMA:		ULWAZIMAGAMA:	
	ICULO/UMLOLOZELO:		ICULO/UMLOLOZELO:	
	EMINYE IMISEBENZI:		EMINYE IMISEBENZI:	
IMISINDO	IMISINDO:		IMISINDO:	
	IMISEBENZI:		IMISEBENZI:	
UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:		IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:	

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA	INDABA:		INDABA:	
	IMIBUZO YOKUQONDISISA:		IMIBUZO YOKUQONDISISA:	
	UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:		UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:	
UKUBHALA	ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:		ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:	
UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO	AMANOETHI:		AMANOETHI:	

Isihloko 2:

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUKHULUMA	ULWAZIMAGAMA:		ULWAZIMAGAMA:	
	ICULO/UMLOLOZELO:		ICULO/UMLOLOZELO:	
	EMINYE IMISEBENZI:		EMINYE IMISEBENZI:	
IMISINDO	IMISINDO:		IMISINDO:	
	IMISEBENZI:		IMISEBENZI:	
UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:		IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:	

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA	INDABA:		INDABA:	
	IMIBUZO YOKUQONDISISA:		IMIBUZO YOKUQONDISISA:	
	UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:		UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:	
UKUBHALA	ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:		ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:	
UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO	AMANOTHI:		AMANOTHI:	

Isihloko 3:

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUKHULUMA	ULWAZIMAGAMA:		ULWAZIMAGAMA:	
	ICULO/UMLOLOZELO:		ICULO/UMLOLOZELO:	
	EMINYE IMISEBENZI:		EMINYE IMISEBENZI:	
IMISINDO	IMISINDO:		IMISINDO:	
	IMISEBENZI:		IMISEBENZI:	
UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:		IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:	

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA	INDABA:		INDABA:	
	IMIBUZO YOKUQONDISISA:		IMIBUZO YOKUQONDISISA:	
	UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:		UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:	
UKUBHALA	ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:		ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:	
UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO	AMANOTHI:		AMANOTHI:	

Isihloko 4:

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUKHULUMA	ULWAZIMAGAMA:		ULWAZIMAGAMA:	
	ICULO/UMLOLOZELO:		ICULO/UMLOLOZELO:	
	EMINYE IMISEBENZI:		EMINYE IMISEBENZI:	
IMISINDO	IMISINDO:		IMISINDO:	
	IMISEBENZI:		IMISEBENZI:	
UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:		IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:	

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA	INDABA:		INDABA:	
	IMIBUZO YOKUQONDISISA:		IMIBUZO YOKUQONDISISA:	
	UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:		UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:	
UKUBHALA	ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:		ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:	
UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO	AMANOETHI:		AMANOETHI:	

Isihloko 5: Ukubuyekeza

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUKHULUMA	ULWAZIMAGAMA:		ULWAZIMAGAMA:	
	ICULO/UMLOLOZELO:		ICULO/UMLOLOZELO:	
	EMINYE IMISEBENZI:		EMINYE IMISEBENZI:	
IMISINDO	IMISINDO:		IMISINDO:	
	IMISEBENZI:		IMISEBENZI:	
UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:		IMISINDO, AMAGAMA KANYE NEMISHO:	

Umsebenzi	Isonto 1	Maka	Isonto 2	Maka
UKUFUNDA NGOKUHLANGANYELA	INDABA:		INDABA:	
	IMIBUZO YOKUQONDISISA:		IMIBUZO YOKUQONDISISA:	
	UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:		UMSEBENZI WANGEMVA KOKUFUNDA:	
UKUBHALA	ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:		ISIHLOKO KANYE NOMSEBENZI:	
UKUFUNDA NGAMAQEMBU ALAWULWAYO	AMANOTHI:		AMANOTHI:	



Uhlelo Lokuhlola

Ukuhlola Ukufunda

- **Uhla** olulandelayo luhlanganisa **amakhono abaluleke kakhulu okuthuthukisa ukubhala nokufunda** kubafundi bakho ukuthi babe nawo kulesigaba.
- La **makhono ayisisekelo sokufunda nokubhala** yiwo **bonke abafundi okufanele babe nawo ekupheleni kweBanga 3.**
- Ayikho indlela esheshayo nelula yokubona ‘Ukuhlola Ukufunda’, noma ‘Ukuhlolwa Kwesisekelo’.
- Ukukusiza ukuba ukwenze lokhu ngempumelelo, ungase udinge ukuzama okulandelayo:
 - Yenza **ibhuku lokurekhoda ukuhlola**, bese uligcina likuwe ngaso sonke isikhathi.
 - Leli bhuku kufanele libhalwe ukuthi IMFIHLO.
 - Kuleli bhuku, **yiba nengxenye yomfundi ngamunye.**
 - Usuku lonke, **qaphela intuthuko yabafundi**, bese **wenza amanothi alokho okubonayo** okuhlobene nalawa makhono.
- Qaphelisisa **abafundi abangenzi intuthuko**, bese **usebenza nabo** ekubasizeni ezinkingeni zabo.

Uhla Lokuhlola: FP Ulimi Lwasekhaya

UMSEBENZI WOMPATHI	✓
Ukulandela imingcele kanye nokulindelekile ekilasini	
Ulawula imizwa yakhe	
Usebenza ngokuzimela	
Usebenza ngokubambisana namaqembu	
Ugxila futhi aqede imisebenzi phakathi nesikhathi esibekelwe yona	
Uyakhumbula bese exhumanisa okufundwe ngokwedlule kanye nokufundiwe okusha	
Wenza futhi agcine ubuhlobo obuhle	
Uyaphikelela ngisho noma kunezinsesele – akadeli	
UKULALELA NOKUKHULUMA	✓
Uqhubeka nokwakha ulwazimagama lwalokho akubonayo	
Ulandela imiyalelo	
Ubuza imibuzo	
Uphendula imibuzo ngokufanele, esebenzisa imisho enzinyana	
Usebenzisa amakhono afanele okuxoxa nawukuxhumana	
IMISINDO	✓
Uhlukanisa amagama abe yimisindo ezimele ngokukhuluma	
Uhlanganisa ndawonye imisindo ukuze enze amagama ngokukhuluma	
Ubona futhi afunde yonke imisindo efundisiwe (ufunda ukuhlobana komsindo nohlamvu)	
Wakha bese ehla kaza amagama abhaliwe ngokusebenzisa imisindo efundisiwe	

UKUFUNDA	✓
Ngaso sonke isikhathi uzama ukubiza (umsindo) amagama amasha ngokusebenzisa ulwazi lokuhlobana komsindo nohlamvu	
Ufunda izindaba ezisemaphepheni okusebenzela ngokugeleza nangokunemba okukhudlwana	
UKUQONDA	✓
<i>Esigabeni Esiyisisekelo, lawa makhono kufanele akhiwe ngesikhathi Sokufunda Ngokuhlanganyela – lapho uthisha efunda ngokuzwakalayo izindaba ezilukhunyana.</i>	
Ubonisa ukulangazelela nokuthakazelela ukufunda ngokuhlanganyela izindaba	
Uphendula ngokuyikho imibuzo eyisisekelo yakukhumbulayo	
Uveza imibono enengqondo, ezwakalayo emibuzweni ethi 'kungani'.	
Ubuyekeza izehlakalo ezimqoka ezindabeni ezifundwe ngokuzwakalayo	
Ukhuluma ngenjongo noma umyalezo wezindaba azifundile	
Ukhumbula futhi axhumanise izindaba ezifundwe ngokwedlule kanye nezindaba ezintsha	
UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	✓
Ubamba ipensela kanye namathuluzi okubhala ngendlela efanele – asebenzise iminwe emithathu yokubamba	
Wakha ngendlela eyiyo nefanele izinhlamvu ezifundisiwe	
Ubhala ngesivini esifanele – uqeda imisebenzi ngesikhathi eyabelwe sona	
UKUBHALA	✓
Usebenzisa ukubhala ukuze aveze imibono yakhe (akakopi)	
Ubhala ngokuzimela (ukwemukela nokusebenzisa amasu okubhala ekwenzeni imisebenzi yokubhala)	
Usebenzisa ulwazi lokuhlobana komsindo nohlamvu ukuze abhale amagama	
Ufundela ontanga imibhalo yakhe	

Ukuhlola Ukufunda

- Ungase ukhethe **ukuzenzela eyakho** i-FAT (Umsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe) usebenzise isiqondiso esinikezwe **Engxenyeni 4 ye-CAPS Ebuyekeziwe**.
- Noma-ke ungakhetha, **isibonelo se-FAT yeThemu 4 isibekwe ngezansi**. Ungase usebenzise i-FAT njengoba injalo, noma uyilungise ukuze isetshenziswe ekilasini lakho.
- Kwenziwe 'ikhadi lamaphuzu' ongagcwalisa kulo imiphumela yokuhlola abafundi engxenyeni ngayinye.

Ukusebenzisa Amarubrikhi

- Amarubrikhi alandelayo anamazinga amane ezinchazo.
- Aphinde akhombise iziqondiso sokulinganisa izinga ngalinye.
- Ngaphezu kwalokho, kunikezwe amamaki enchazelo ngayinye. Lokhu kuboniswe kubakaki abaseceleni kwenchazo.
- Ungasebenzisa lezi zici ekuhloleni abafundi bakho ngezindlela ezahlukene, kuye ngokuthi yikuphi okukhethwe isifundazwe noma isifunda sakho. Ngokwesibonelo:
 - Ungase ukhethe ukwenza isilinganiso noma ukulinganisa umsebenzi wokuhlola.
 - Noma, ungase ukhethe ukwenzela umfundi ngamunye amamaki.

Isibonelo:

- a** Uthisha kaPeter wafaka isiphambano kwakutholile engxenyeni ngayinye.
- b** Uphawule ukuthi eziningi iziphambano ZISEZINGENI 2 / IZINGA LESILINGANISO 3-4. Kodwa UNEZINGA 1/ IZINGA LESILINGANISO 1-2 esisodwa. Ngakho, umnikeza **Isilinganiso sika-3**.
- c** Ngakho-ke, wenza amaphuzu akhe ahambisane namamaki engxenye ngayinye. Uthola amamaki ayi-5 kwayi-14. Lapho uwehlukana ngaku-2, uthola 2.5, okuyisilinganiso esisondele **esilinganisweni sika-3**.

IRUBRIKI	IZINGA 1 ISILINGANISO 1-2	IZINGA 2 ISILINGANISO 3-4	IZINGA 3 ISILINGANISO 5-6	IZINGA 4 ISILINGANISO 7
INGXENYE 1	Umfundi uxoxa ngezingxenywe ezincane zendaba ngokuzenzakalelayo ngokungazilandelanisi kahle izehlakalo. (1)	Umfundi uxoxa ngezingxenywe ezithile zendaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo, kodwa ufaka kakhulu noma kancane imininingwane. (2) ✗	Umfundi uxoxa cishe yonke indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo, kodwa uhle afaka imininingwane eminingi kakhulu noma emincane kakhulu. (3)	Umfundi uxoxa indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo, ngemininingwane eyanele ukucacisa okushiwoyo. (4-5)
INGXENYE 2	Umfundi uvame ukuma, angabaze futhi aphindaphinde amagama noma ibanzana lamagama. (1)	Umfundi ngezinye izikhathi uyama, angabaze futhi aphindaphinde amagama noma ibinzana lamagama. (2) ✗	Umfundi uxoxa indaba ngokugeleza, ngesinye isikhathi uyama, angabaze noma aphindaphinde amagama noma ibinzana lamagama. (3)	Umfundi uxoxa indaba ngokugeleza nangokuzethemba, ngaphandle kokuma, ukungabaza noma ukuphindaphinda amagama noma ibinzana lamagama. (4-5)
INGXENYE 3	Akukho ukushintshashintsha kwezwi noma kwephimbo, noma umfundi akezwakali kahle. (1) ✗	Umfundi ngesinye isikhathi uba nokushintshashintsha kwezwi noma kwephimbo, kodwa lokhu akwenzeki ngokufanele njalo. (2)	Umfundi unokushintshashintsha kwezwi noma kwephimbo lapho efunda, ngokuzimisela. (3)	Umfundi unokushintshashintsha kwezwi noma kwephimbo lapho efunda, ngokuzimisela okukhulu. (4)

Ukuhlanganisa

- Hlanganisa amamaki ngokwayi-14 ukuze ulinganise 1-7 ngokwehlukana ngo-2.

Sethemba ukuthi uzosithola lesi siqondiso sokuhlola siwusizo kakhulu

- *Kubalulekile ukukhumbula ukuthi le misebenzi yokuhlola kanye nezindlela zokubala ziwukusikisela.*
- *Sicela ulandele izimfuneko zokuhlola ezivumelana nesifundazwe noma nesifunda sakho.*

Ukuhlola Ukufunda: Ikhadi Lamaphuzuzi					
Amagama Abafundi	Ukulalela Nokukhuluma	Imisindo	Ukufunda Nokuqonda		Isamba
	Ukubhala Kahle Ngesandla	Ukubhala	Ukubhala	Ukubhala	Ukubhala
Inombolo Yomsebenzi Wokuhlola	4.1	4.2	4.3	4.4	4.6
1	Uxoxa indaba ejwayelekile enesethulo, umzimba kanye nesiphetho ngezwi nangephimbo elinokwehlukahlukana.	Usebenzisa ongwaga abahamba ngababili ukwakha nokwehlukana amagama.	Ubona ongwaga abanhlamvumbili njengo-sh, th.	Ubona inkinga esekugqeni kwendaba. Ubona ukulandelana kwezehlakalo. Uphendula imibuzo esezingeni eliphuzulu njengokuthi 'Ucabanga ukuthi...?' / 'Kungani...?'	Ubhala imisho emi-3 ngezindaba zakhe asebenzisa imisindo efundive namagama abonwa njalo, ofeleba kanye nongqi.
2					
3					
4					
5					
6					
7					
8					
9					
10					
11					
12					

Ibanga 1 Ithemu 4: Isibonelo Somsebenzi Wokuhlola Okuhleliwe

4.1: UKULALELA NOKUKHULUMA	
INJONGO	Ukuxoxa indaba ejwayelekile: <ul style="list-style-type: none">• Indaba enesethulo, umzimba kanye nesiphetho• Ukushintshashintsha kwezwi nephimbo lomfundi
UKWENZA	<ul style="list-style-type: none">• Yenza lokhu phakathi neSonto 8 kanye neSonto 9• Yenza lokhu noma nini lapho abafundi behlezi benza umsebenzi wokufunda ngokuzimela noma ukubhala
UMSEBENZI	Ukuxoxa indaba ejwayelekile <ul style="list-style-type: none">• Chazela abafundi ukuthi uzobacela ukuba beze ngaphambili bese bekuxoxela indaba yabo abayithandayo.• Khumbuza abafundi ukuthi lapho bexoxa indaba, kufanele ibe nesethulo, umzimba, kanye nesiphetho.• Phinda ubakhumbuze ukuthi kufanele basebenzise amazwi abo ukwenza indaba ithakazelise.• Ekugcineni, kufanele bazilolongele ukuxoxa indaba, ukuze bangakhohlwa lokho abakushoyo, noma baphindaphinde abakushoyo.• Banikeze imizuzu embalwa yokucabanga ngezindaba zabo.• Bavumele ukuba bajike bese bekhuluma futhi baxoxele uzakwabo indaba yabo.• Futhi bangadweba isithombe esinelebula yengxenye yendaba, njengoba ulalela abanye abafundi.• Hlola umfundi ngamunye ngokusebenzisa irubriki elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1 ISILINGANISO 1-2	IZINGA 2 ISILINGANISO 3-4	IZINGA 3 ISILINGANISO 5-6	IZINGA 4 ISILINGANISO 7
ISAKHIWO NOKULANDELANISA KAHLE IZINTO	Umfundi uxoxa ngezingxenye ezincane zendaba ngokuzenzakalelayo ngokungazilandelanisi kahle izehlakalo. (1)	Umfundi uxoxa ngezingxenye ezithile zendaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo, kodwa ufaka kakhulu noma kancane imininigwane. (2)	Umfundi uxoxa cishe yonke indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo, kodwa uhle afaka imininigwane eminingi kakhulu noma emincane kakhulu. (3)	Umfundi uxoxa indaba ngokulandelanisa kahle izehlakalo, ngemininingwane eyanele ukucacisa okushiwoyo. (4-5)
UKUGELEZA	Umfundi uvame ukuma, angabaze futhi aphindaphinde amagama noma ibanzana lamagama. (1)	Umfundi ngeziyine izikhathi uyama, angabaze futhi aphindaphinde amagama noma ibinzana lamagama. (2)	Umfundi uxoxa indaba ngokugeleza, ngesinye isikhathi uyama, angabaze noma aphindaphinde amagama noma ibinzana lamagama. (3)	Umfundi uxoxa indaba ngokugeleza nangokuzethemba, ngaphandle kokuma, ukungabaza noma ukuphindaphinda amagama noma ibinzana lamagama. (4-5)
UBUKHULU BEZWI KANYE NEPHIMBO	Umfundi ngesinye isikhathi uba nokushintshashintsha kwezwi noma kwephimbo, kodwa lokhu akwenzeki ngokufanele njalo. (2)	Umfundi unokushintshashintsha kwezwi noma kwephimbo lapho efunda, ngokuzimisela. (3)		Umfundi unokushintshashintsha kwezwi noma kwephimbo lapho efunda, ngokuzimisela okukhulu. (4)

4.2: IMISINDO	
INJONGO	<ul style="list-style-type: none"> • Ukwakha amagama usebenzisa imisindo efundisiwe
UKWENZA	<ul style="list-style-type: none"> • Yenza lokhu ngeSonto 5 noma 6, ngesikhathi sesifundo soKubhala Kahle Ngesandla ngoMsombuluko
UMSEBENZI	<ul style="list-style-type: none"> • Tshela abafundi bavule ikhasi elingenalutho bese bebhala isihloko: Isivivinyo Semisindo • Ngokulandelayo, bonisa abafundi indlela yokugoqa ikhasi elisemabhukwini abo libe uhhafu, bese bebhala izinombolo 1-5 kumajini, nokuthi 6 – 10 kusukela phakathi nekhasi. • Chazela abafundi ukuthi uzobiza inombolo bese kuba umsindo noma igama. Kufanele babhale umsindo noma igama eceleni kwenombolo efanele. • Uma abafundi bengakwazi ukubhala umsindo noma igama, kufanele badwebe umugqa omncane eceleni kwenombolo. • Qeqesha abafundi ukuba bathule ngesikhathi sezivivinyo, futhi bangabheki umsebenzi womunye umuntu. • Yenza uhlu lwamagama ayi-10 ozowabiza – qiniseka ukuthi onke amagama anemisindo yongwaqa abahamba ngababili afundiwe, isib. u-ku-dla, i-hha-shi njll. • Ngemva kwalokho, yenza umusho omfushane wesibizelo samagama ayi-5 usebenzise amagama abonwa njalo kanye namagama emisindo abafundi okufanele bawazi. Biza lo mush bese uyalela abafundi ukuba bawubhale phansi. Tjela abafundi ukuba basebenzise kahle izimpawu zokubhala (uhlamvu olukhulu ekuqaleni komusho, ungqi ekugcineni komusho). • Ekupheleni kwesivivinyo, thatha amabhuku abafundi bese umaka isivivinyo. • Hlola umfundi ngamunye usebenzise irubrikhi engezansi.

IRUBRIKHI	IZINGA 1 ISILINGANISO 1-2	IZINGA 2 ISILINGANISO 3-4	IZINGA 3 ISILINGANISO 5-6	IZINGA 4 ISILINGANISO 7
ISIVIVINYO SESIPELINGI	Umfundi upela kahle 1-3 wamagama, (1-2)	Umfundi upela kahle 4-6 wamagama. (3-4)	Umfundi upela kahle 7-8 wamagama. (5-6)	Umfundi upela kahle 9-10 wamagama. (7)
ISIBIZELO SOMUSHO	Umfundi wenza 4 noma ngaphezulu amaphutha esipelingi noma ezimpawu zokubhala.	Umfundi wenza 3 amaphutha esipelingi noma ezimpawu zokubhala.	Umfundi wenza 2 amaphutha esipelingi noma ezimpawu zokubhala.	Umfundi wenza 0-1 amaphutha esipelingi noma ezimpawu zokubhala.

4.3: IMISINDO / UKUFUNDA	
INJONGO	<ul style="list-style-type: none"> • Ukubona ongwaqa abanhlamvumbili ekuqaleni nasekugcineni kwegama, njengo: sh, ch, th • Ukufunda ngokuphimsela encwadini esezingeni lakhe. • Ukusebenzisa amagama abonwa njalo, imisindo, ulwazi nokuhlaziya isakhiwo namakhono okuqonda.
UKWENZA	<ul style="list-style-type: none"> • Lokhu kungenziwa nganoma yisiphi isikhathi kusukela ngeSonto 6 kuye eSontweni 8 • Yenza lokhu ngesikhathi Sokufunda Ngamaqembu Alawulwayo
UMSEBENZI	<ul style="list-style-type: none"> • Ngesikhathi 'Sokufunda Ngamaqembu Alawulwayo' biza umfundi ngamunye eqenjini ukuba eze azokufundela ngokuzimela. • Qala ngokucela umfundi ukuba afunde uhlu lwemisindo kanye namagama asebenzisa ongwaqa abanhlamvumbili okufanele babazi, isibonelo: sh, ch, th • Ngokulandelayo, cela umfundi ukuba afunde ngokuphimsela indaba efanele izinga lakhe. Qiniseka ukuthi indaba ihlanganisa amagama afundekayo. • Hlola umfundi ngamunye usebenzise irubrikhi engezansi.

IRUBRIKHI	IZINGA 1	IZINGA 2	IZINGA 3	IZINGA 4
4.3 IMISINDO	ISILINGANISO 1-2	ISILINGANISO 3-4	ISILINGANISO 5-6	ISILINGANISO 7
UKUBONA NOKUFUNDA ONGWAQA ABANHLAMVUMBILI EKUQALENI NASEKUGCINENI KWAMAGAMA	Umfundi unobunzima bokufunda kahle imisindo kanye namagama. (1-2)	Umfundi ufunda kahle imisindo kanye namagama athile. 3-4)	Umfundi ufunda kahle imisindo kanye namagama amaningi. (5-6)	Umfundi funda kahle yonke imisindo kanye namagama. (7)

IRUBRIKHI 4.3 UKUFUNDA	IZINGA 1 ISILINGANISO 1-2	IZINGA 2 ISILINGANISO 3-4	IZINGA 3 ISILINGANISO 5-6	IZINGA 4 ISILINGANISO 7
UKUGELEZA	Umfundi uvame ukungabaza ngesikhathi efunda, uyathula uma efika emagameni angawazi noma eqe amagama angawazi, futhi uphinda amagama noma ibinzana lamagama. (1-2)	Umfundi uthatha amakhefu amade noma agabaze uma efunda. Umfundi 'kunamagama angawazi' okunzima ukuwafunda. (3-4)	Umfundi uvame ukuhileka uma efunda. Umfundi unobunzima bamagama athile kanye / noma izakhiwo zemisho. (5-6)	Umfundi ufunda ngokushela ahlabe amakhefu. Umfundi uyakwazi ukuzilungisa ngesikhathi efunda amagama alukhuni futhi / noma izakhiwo zemisho. (7)
AMAKHONO OKUQONDA	Umfundi udinga ukusizwa kakhulu uthisha ngemisindo ukuze afunde igama angalazi. Umfundi unobunzima bokwehlukana amagama ngamalunga noma ngemisindo. Umfundi wazi amagama amancane kakhulu abonwa njalo. (1-2)	Umfundi uzama ukusebenzisa imisindo ukuze afunde amagama angawazi kodwa udinga ukusizwa uthisha. Umfundi wahlukanisa amagama ngamalunga noma ngemisindo ngokusizwa uthisha. Umfundi wazi amagama athile abonwa njalo. (3-4)	Umfundi usebenzisa imisindo kanye nokwehlukana ngamalunga ukubiza amagama angawazi, kodwa udinga usizo lokuhlukanisa imisindo yenze igama. Umfundi wazi amagama amaningi abonwa njalo. (5-6)	Umfundi usebenzisa imisindo kanye nokwehlukana ngamalunga ukubiza amagama angawazi, futhi uvame ukuhlukanisa imisindo ukuze enze igama. Umfundi wazi onke amagama abonwa njalo. (7)

4.4: UKUQONDA OKUFUNDAYO	
INJONGO	<p>Ukulalela nokukhuluma ngendaba ukuze:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ubone inkinga esekuqaleni kwendaba • Ubone ukulandelana kahle kwezehlakalo • Uphendule imibuzo esezingeni eliphezulu njengokuthi 'Ucabanga ukuthi...? / Kungani...?'
UKWENZA	<ul style="list-style-type: none"> • Lokhu kungenziwa nganoma yisiphi isikhathi kusukela Esontweni 4 kuye Esontweni 7 • Yenza lokhu ngoLwesihlanu ngesikhathi Somsebenzi Wokukhuluma: Xoxani ngendaba noma ngoLwesihlanu ngesikhathi Sokufunda Ngokuhlanganyela: Umsebenzi Wangemva Kokufunda
UMSEBENZI	<ul style="list-style-type: none"> • Sebenzisa indaba yokufunda ngokuhlanganyela yangesonto eledlule. • Hlalisa kahle abafundi ukuze benze umsebenzi. • Yibe, usubiza umfundi ngamunye ukuba eze edeskini lakho ukuzokwenza ukuhlola. • Cela abafundi ukuba baphendule 1-2 wezinhlolo ezilandelayo zombuzo omayelana nendaba: <ul style="list-style-type: none"> Umbuzo omayelana nenkinga esekuqaleni <ol style="list-style-type: none"> 1 Yayiyini inkinga esekuqaleni kwendaba? 2 Ubani noma yini eyabangela le nkinga? Ukulandelana kwezinto <ol style="list-style-type: none"> 1 Yini eyenzeka ekuqaleni kwendaba? 2 Yini eyenzeka ekugcineni kwendaba? 3 Yini eyenzeka ngemva ...? 4 Yikuphi okwenzeka kuqala: ...noma...? Imibuzo Evulekile <ol style="list-style-type: none"> 1 Kungani ucabanga ukuthi...? 2 Ingabe ungakwenza ukuxhumanisa ne...? 3 Ukuba ubungu-...yini obungayenza? Kungani? • Hlola umfundi ngamunye ngokusebenzisa irubrikhi elandelayo.

IRUBRIKHI	IZINGA 1 ISILINGANISO 1-2	IZINGA 2 ISILINGANISO 3-4	IZINGA 3 ISILINGANISO 5-6	IZINGA 4 ISILINGANISO 7
IMIBUZO EMAYELANA NENKINGA ESEKUQALENI	Umfundi akakwazi ukubona inkinga esekuqaleni kwendaba. (1)	Umfundi ubona inkinga esekuqaleni kwendaba. Umfundi akakwazi ukubona yini noma ubani oyimbangela yenkinga.(2)	Umfundi ubona inkinga esekuqaleni kwendaba. Umfundi uphinde abone ukuthi yini noma ubani oyimbangela yenkinga. Umfundi unobuzima bokukhumbula imininingwane ethile ehlobene nenkinga. (3)	Umfundi ubona inkinga esekuqaleni kwendaba. Umfundi uphinde abone ukuthi yini noma ubani oyimbangela yenkinga. Umfundi ukhumbula ngokucacile yonke imininingwane ethile ehlobene nenkinga. (4-5)
UKULANDELANA KWEZINTO	Umfundi akakwazi ukulandelanisa kahle izehlakalo ezisendabaeni. (1)	Umfundi uzilandelanisa kahle izehlakalo ezisendabeni ngokusekelwa okuthile. (2)	Umfundi uzilandelanisa kahle izehlakalo ezisendabeni kodwa uthatha isikhathi esithile.(3)	Umfundi uzilandelanisa kahle nangokushesha zonke izehlakalo ezisendabeni. (4)
IMIBUZO EVULEKILE	Umfundi akakwazi ukuphendula kahle imibuzo evulekile emayelana nendaba. (1)	Umfundi uphendula kahle imibuzo evulekile emayelana nendaba ngokusekelwa okuthile. (2)	Umfundi uphendula kahle imibuzo evulekile emayelana nendaba, kodwa akakwazi ukunikeza isizathu sempendulo. (3)	Umfundi uphendula kahle imibuzo evulekile emayelana nendaba, futhi unikeza isizathu sempendulo. (4-5)

4.5: UKUBHALA KAHLE NGESANDLA	
INJONGO	<ul style="list-style-type: none"> • Ukopisha nokubhala kahle umusho.
UKWENZA	<ul style="list-style-type: none"> • Yenza lokho ngokusebenzisa isifundo sokubhala kahle ngesandla sangeSonto 5-6, noma Isonto 7-8.
UMSEBENZI	<ul style="list-style-type: none"> • Qhuba isifundo sokubhala kahle ngesandla ngendlela evamile. • Qiniseka ukuthi abafundi bakopisha imisho embalwa esebhodini. • Njengoba abafundi bebhala, hambahamba futhi ubabheke. • Qoqa amabhuku abafundi ekupheleni kwesifundo.. • Hlola umfundi ngamunye ekubhaleni kahle ngesandla usebenzise irubrikhi engezansi.

IRUBRIKHI	IZINGA 1 ISILINGANISO 1-2	IZINGA 2 ISILINGANISO 3-4	IZINGA 3 ISILINGANISO 5-6	IZINGA 4 ISILINGANISO 7
UKUBHALA KAHLE NGESANDLA: UMUSHO	Umfundi onobunzima bokukopisha nokubhala kahle umusho. Kunamaphutha amaningi ngokwakha uhlamvu, ngokushiya isikhala phakathi kwamagama, kanye nangobukhulu obulinganayo. Umfundi ubhala ngokutotoba. (1-2)	Umfundi ukopisha futhi abhale cishe umusho ube kahle. Kunamaphutha athile ngokwakha uhlamvu, noma ngokushiya isikhala phakathi kwamagama, noma ngobukhulu obulinganayo. Umfundi ubhala ngokutotoba. (3-4)	Umfundi ukopisha futhi abhale kahle umusho. Umfundi angathuthukisa ukubhala ngokushesha noma ngobunono. (5-6)	Umfundi ukopisha futhi abhale kahle umusho, ngobunono nangesivinini esikahle. (7)

4.6: UKUBHALA	
INJONGO	<ul style="list-style-type: none"> • Ukubhala imisho emi-3 ngezindaba zomuntu siqu ngokusebenzisa imisindo efundiwe kanye namagama abonwa njalo, ofeleba kanye nongqi
UKWENZA	<ul style="list-style-type: none"> • Yenza lokhu ngokusebenzisa isifundo sokubhala samaSonto 3-4, amaSonto 5-6, noma amaSonto 7-8.
UMSEBENZI	<ul style="list-style-type: none"> • Qhuba isifundo sokubhala ngendlela evamile. • Qoqa amabhuku abafundi ekupheleni komjikelezo wokubhala. • Hlola umfundi ngamunye ngokubhala usebenzise irubrikhi engezansi.

IRUBRIKHI	IZINGA 1 ISILINGANISO 1-2	IZINGA 2 ISILINGANISO 3-4	IZINGA 3 ISILINGANISO 5-6	IZINGA 4 ISILINGANISO 7
UKUBHALA: OKWANGEMPELA	Kunobunzima bokuqonda umqondo, noma awusiwo owangempela – ukope isibonelo sikathisa. (1)	Uyaqondakala umqondo futhi owangempela, nakuba ufana nesibonelo. (2)	Umqondo owomuntu siqu futhi owangempela. (3)	Umqondo owomuntu siqu, owangempela, futhi uziqambele wona. (4-5)
UKUBHALA: UBUDE NESAKHIWO SOMUSHO	Umfundi ubhale amagama ambalwa noma ibinzana lamagama. (1)	Umfundi ubhale umusho owodwa ngesakhiwo esikahle. (2)	Umfundi ubhale imisho emibili ngesakhiwo esikahle. (3)	Umfundi ubhale imisho emithathu ngesakhiwo esikahle. (4-5)
UKUBHALA: IZIMPAWU ZOKUBHALA	Umfundi unobunzima bokusebenzisa njalo izinhlamvu ezinkulu kanye nongqi nangendlela eyiyo. (1)	Umfundi usebenzisa kahle izinhlamvu ezinkulu kanye nongqi, kodwa unobunzima ngezinye izimpawu zokubhala. (2)	Umfundi usebenzisa zonke izimpawu zokubhala ezifundisiwe, kodwa kuyenzeka ahle enza amaphutha. (3)	Umfundi usebenzisa kahle zonke izimpawu zokubhala ezifundisiwe futhi kuyivelakancane ukwenza amaphutha. (4)

